# Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngesonto 13 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 18. 09. 2011 47/2011

## Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

1. Iculo 187/156

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu Jesu Nkosi yethu ethandekayo, siyakubonga ngezwi lanamuhla, ukuthi ngalo uyabonakalisa ukubaluleka kokulalela nokwenza intando yakho. Siyacela ukuba ngezwi lanamuhla singaduki, sicabange ukuthi wena umelene nokubumbana nokunakekelana kwezihlobo nemindeni, kodwa sibone ukuthi izihlobo nemindeni ziyaqiniswa ebunyeni, uma kugcizelelwa phakathi kwazo ukulalela wena kanye nokuvuma intando yakho. Siyayibeka-ke nemindeni yethu ecabanga ukuthi ngaphandle kwakho ingahlangana kahle, ukuba kusenesikhathi ibone ukuthi nguwe, Nkosi, owenza ubunye bube khona, futhi ongumxhumanisi weqiniso, Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 Joh. 4:7-12;
Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 10:25-37.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ... 5.Ic

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo **7. I**
kuMarku 3:31-35, lithi: "Kwase kufika unina nabafowabo, bema ngaphandle, bathumela kuye bembiza. Isixuku sabantu sasimphahlile; bathi kuye: Bheka, unyoko nabafowenu nawodadewenu bangaphandle bekufuna. Wabaphendula wathi: Ngubani umame nabafowethu na? Waqalaza ebuka ababehlezi bemphahlile, wathi: Bhekani, nangu umame nabafowethu. Ngokuba owenza intando kaNkulunkulu nguye ongumfowethu nodadewethu nomame." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, umuntu ongafunda lendaba uyakuqala amangale ukuthi, kanti kuthini ukuthi: Yazisa uyihlo nonyoko na? Sizwa lapha ukuthi uma uJesu ebungazwe yisixuku esikhulu sabantu, uthola umyalezo wokuthi unina nabafowabo bemi ngaphandle, bathanda ukumbona. Kungenzeka ukuba kwakukhona okuthile okwakwenzekile, okwakudingeka ukuba uJesu akwazi kunina nakubafowabo. Kungenzeka ukuba babenesicelo esasibalulekile kakhulu ababethanda ukusidlulisa kuye. Kungenzeka futhi ukuba babedlula ngendlela nje, bethanda ukumbingelela. Kungenzeka futhi ukuthi babethanda ukumsola, noma ukumeluleka ngento ethile. Nokho uJesu ujulile nesixuku ngezindaba zombuso kaNkulunkulu. Uma befika kuye abafowabo kanye nonina bayamphazamisa. Thina bantu sisho kaningi ukuthi **imali** ingumama, nobaba, nodadewethu kanye nabafowethu. Namuhla sithanda ukwazi:

1. Ubuhlobo noNkulunkulu
2.Ukwenza intando kaNkulunkulu

**1. Ubuhlobo noNkulunkulu:** Emihleni esiphila kuyo inkolo yethu iyabambelela empumelelweni yethu. Uma sehluleka ukwenza lokhu esikufunayo empilweni yethu kungathi uNkulunkulu akasekho. Ngakho sesibheka kulokhu esizicabangela ukuthi yikho okuzolungisa konke, siphumelele. Siphila kanjalo. Kuyindlela ejwayelekile ezimpilweni zabantu. Phela iningi lethu licabanga ukuthi nguNkulunkulu osilahlayo, uma sivelelwa yizinkinga. Ubuhlobo bethu naye buyanqamuka. Nokho kuhle kakhulu ukuba sazi ukuthi

ebuhleni nasebubini uNkulunkulu usenathi. UJesu ungumhlobo wezoni, yingakho esho ukuthi ungumhlobo wabagulayo emoyeni, ngokuba abangaguli abadingi inyanga. (Mark 2:16-17) Ubuhlobo bomuntu noNkulunkulu buyonakala imihla ngemihla, uma umuntu emhlubuka uNkulunkulu ngokona kuye. Umuntu uyakhonjiswa nguMoya oNgcwele ukuthi ubuhlobo bakhe noNkulunkulu buthanda ukonakala. Lomuntu uyadabuka, bese ezikhalela izono. UNkulunkulu uyamsingatha, amxolele izono ngenxa kaJesu, umhlawuleli wezono ngokushweleza kwakhe. Okumangalisa kakhulu ngukuthi kukhona abantu asebezisho ukuthi ubuhlobo babo noNkulunkulu buqinile, futhi bungcono kunobabanye abantu. Kuhle silahle ukuzisho nokuqamba amanga: (1 Johane 1:8.10) Besivuma ukuthi umuntu uyemukelwa nguNkulunkulu embhaphathizweni ongcwele, nokho sekukhona nabathi kusasweleka okunye. Umuntu obhaphathiziwe, wahlala esivumweni sombhaphathizo wakhe nguye umhlobo kaJesu wangempela. Nokho umuntu ozethemba yena lomuntu uyalahlekelwa, intshumayelo kaJesu ofele izoni iye ngokuya iphela enhliziyweni yakhe. “Phela uJehova akathokozi ngamandla ehashi, akajabuleli imilenze yomuntu. UJehova uyathokoza ngabamesabayo, abathemba umusa wakhe,” (AmaH. 147:10-11) Ukwesaba uNkulunkulu nokwethemba umusa wakhe ngukuba:

**2. Senze intando kaNkulunkulu.** Intando kaNkulunkulu ngeyokuba bonke abantu basindiswe, bafinyelele ekulazini iqiniso. Umoya wethu uyathanda kakhulu ukwenza intando kaNkulunkulu, nokho uSathane nezwe, kanye nenyama yethu kuyavimba lomoya othanda izulu kangaka. Kufanele siqiniseke sonke ukuthi intando kaNkulunkulu iyokwenziwa, noma thina sithanda kaningi ukuyibalekela. Intando kaNkulunkulu ilungile noma thina sibabi. Intando kaNkulunkulu inomusa noma thina sinonya. Intando kaNkulunkulu ithi: Ningenile nonke embusweni wezulu ngokuvuma nje, ngokukholwa. Lokhu sikusho, ngoba omunye uthembekile kuso isifuba sakhe, ngoba akasingcolisi ngogwayi, uthembekile ekhanda lakhe ngokuba akalidakiswa, nokho emalini mhlawumbe akathembekanga. Uyabiza abantu ukuba bathembeke kodwa yena akethembekanga ngokukaMamona. Lihle izulu, ngoba abayongena khona bobe behlanziwe yigazi leMvana kaNkulunkulu. Bayobe bengazihlanzanga bona ngokuzishaya abangcono kunabanye. UNkulunkulu usiphatha ngothando, ngakho kubalulekile ukuba nathi siphathane ngothando, singahlulelani.

Amazwi eVangeli lethu lanamuhla ayasilahla, ngoba aphethe umthetho kaMose othi: Thanda umakhelwane wakho, njengalokhu uzithanda wena. Nokho umpristi, nomLevi bayamgwema olimeleyo, esezokufa. Nami ngiyafana nalompristi nalomLevi. Angimthandanga omunye umuntu ngenhliziyo yonke yami. Nokho, noma kunjalo angingcono kunoFaro eGibithe. Angingcono kunohulumeni wobandlululo. Inhliziyo yami iseduka njalo. Ngifisa okwabanye, nginomona, nginomhawu, nginenhlebo, ngizitusa ngobuzwe bami. Intando kaNkulunkulu isavela nokho kimi ngokuthi mangithande uNkulunkulu, ngithande nabanye abantu engihlalisene nabo lapha kulomhlaba ophelayo. UJesu akalahli izihlobo zabo, ngoba akuphawulwa lapha ukuthi akazange aye kuzo, nokho uJesu uyindoda ethanda ukuba abantu bakhumbule ibafundise nangakho okwenzeka ngalesosikhathi.

Sengathi uNkulunkulu angasisiza ngoMoya wakhe oNgcwele ukuba siphakamise izinhliziyo zethu, zibheke kuye, zifune ukumfuza uJesu Kristu ngothando lwakhe. Sengathi uNkulunkulu angaqinisa ubuhlobo bethu naye njengalokhu sithi siyakholwa ukuze singabi namahloni ekwambulweni kwezizindlo zezinhliziyo zonke. Amen.

**9. Umkhuleko:** Nkosi Jesu Kristu, siyabonga amazwi akho anamuhla osifundisa ngawo intando kaBaba uNkuklunkulu. Siza usifundise njalo ukuba sazi ukuthi umsebenzi wakho wawenza kanye nje ngokusifela. Masingazibetheli ngokwethu senze sengathi awusifelanga. Sisize ukuba izinhliziyo zethu zigcinwe, zilondwe yiqiniso lakho, singabafundi bakho ngokuma ezwini lakho. Amen

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini...

Iculo 223/152

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1999/2005 ngu-T. Z. Mkhize.
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.